IMIYALELO KWABAHLOLWAYO

1. Leli phepha lehlukaniswe iziqephu EZINTATHU:

| | | |
|---|---|---|
| ISIQEPHU A: | Indaba | (50) |
| ISIQEPHU B: | Imibhalo emide edlulisa imiyalezo | (30) |
| ISIQEPHU C: | Imibhalo emifishane edlulisa imiyalezo | (20) |

2. Phendula umbuzo OWODWA esiqeshini NGASINYE
3. Bhala usebenzise ulimi ohlolwa ngalo
4. Qala umbuzo ngaMUNYE ekhasini ELISHA
5. Qiniseka ukuthi ubhala uhlaka ngaphambi kokubhala indaba yakho.
6. Uyayalwa ukuba usebenzise isikhathi sokubhala ngale ndlela elandelayo:

   Amaminithi angama-80 ISIQEPHU A

   Amaminithi angama-40: ISIQEPHU B

   Amaminithi angama -30: ISIQEPHU C
7. Ungazishitshi izinombolo zemibuzo . Zibhale njengoba zinjalo ephepheni.
8. Bhala izihlokwana ezifanele lapho zidingeka khona.
9. Ungazibali izihloko nezihlokwana lapho usubala inani lamagama omsebenzi.
10. Bhala ngobunono nangesandla esibonakalayo.

## ISIQEPHU A: IZINDABA

### UMBUZO 1

Khetha isihloko ESISODWA kwezilandelayo ubhale ngaso indaba ibe ngamagama ayi-190 kuya kwangama-240.

**QAPHELA: Bhala uhlaka lwendaba yakho lube sekhasini lwalo lodwa.**

1.1 Izinguquko Engizozenza Ukuze Ngiphumelele uMatikuletsheni. **[50]**

1.2 Ukubaluleka Kwamanzi Ezimpilweni Zethu. **[50]**

1.3 Usizo Engalunikwa Udokotela Mhla Ngigulela Ukufa. **[50]**

1.4 Kumele Abashayeli Abashayela Bephuzile Bajeziswe Kakhulu. **[50]**

1.5 Ubuhle Nobubi Bokulalela Abangani. **[50]**

1.6 Khetha isithombe ESISODWA kulezi ezilandelayo bese ubhala indaba ngolokho okuzokufikela emqondweni. Yinike isihloko indaba yakho.

1.6.1



*[Sichashunwe www.google picture]*

## ISIQEPHU B: IMIBHALO EMIDE EDLULISA IMIYALEZO

### UMBUZO 2

Khetha isihloko ESISODWA ubhale ngaso kube ngamagama angama-80

kuya kwayi-100.

2.1 **Incwadi Yobungani.**

Esikoleni wakhethwa ukuba sohlelweleni lokushintshana kwabafundi (exchange student programme) ababezoya ngaphesheya kwezilwandle. Sekuphele izinyanga eziyi-18 wafika kule ndawo waqala nokufunda.

Bhalela umama wakho incwadi umtshele ukuthi uqhuba kanjani ezifundweni zakho, umxoxele nangomndeni ohlala nawo. **[30]**

2.2 **I-Ajenda kanye Namaminithi Omhlangano.**

Uyilungu (member) loMkhandlu wabafundi (Student Representative Council) esikoleni sakho. Bhala **i-Ajenda kanye namaminithi omhlangano** owawubanjelwe ehholo lesikole lapho kwakuxoxwa khona ngenkinka yabafundi abangcolisa isikole ngokulahla phansi yonke into uma beqeda ukudla nokudlala. **[30]**

2.3 **I-Athikilli Yephephandaba**

Bhala i-athikhili yephephandaba ngesihloko esithi:

Imibhikisho Enodlame Yehlisa Umnotho Wezwe Lase Ningizimu Afrika. **[30]**

2.4 **Ingxoxo**

Kufe iwindi lakamakhelwane wakini ngenkathi udlala ibhola nenja yakho. Ubaba wakamakhelwane udinwe kakhulu ngokufa kwewindi lakhe.

Bhala **ingxoxo** phakathi kwakho nobaba wakwamakhelwane. **[30]**

## ISIQEPHU C: IMIBHALO EMIFISHANE EDLULISA IMIYALEZO

### UMBUZO 3

Khetha isihloko ESISODWA ubhale ngaso kube ngamagama angama -60 kuya kwangama-80.

3.1 **Isimemo**

Ngosuku lokugubha intsha/ abasha kuzoba nengqungquthela (Conference) enkulu eMosese Mabhida Stadium. Izikhulumi zizobe zikhuluma ngokucwasana osekukuningi ezweni lethu. Kuzoba khona abaculi abadumile balo lonke uhlobo lomculo.

Bhala **isimemo** ozosifaka emaphephandabeni ukuze abantu abasha bafike ngobuningi babo. **[20]**

3.2 **Idayari**

Ngamaholidi ePhasika wavakashela umalume wakho kusukela ngomhla wama-24 kuMashi kuya kumhla wama-28 kuMashi 2016.

Bhala **idayari** yezinsuku eziyisihlanu owazihlala (spent) kwamalume wakho. **[20]**

3.3 **Umyalezo**

Umngane wakho ufuna ukuzofunda ibanga le-10 esikoleni sakho ngonyaka

wezi-2017. Kuningi okwenziwayo ngaphambi kokuba umfundi athathwe uma ezoqala esikoleni esisha.

Bhala **umyalelo** ozomnika wona ngakho konke okufanele akwenze nokumele akulindele ukuze abe ngomunye wabazothathwa. **[20]**

**AMAMAKI ESIQEPHU C: 20**

**AMAMAKI ESEWONKE: 100**

Akuvumelekile ukokopisha leli phepha